

Ongakwenza Lapho Uphatheke Kabi

Kunezinto ezimbili ezingathonya indlela ozizwa ngayo: (1) yizinto ozicabangayo (2) nezinto ozenzayo.

HLOLA LOKHO OKUCABANGAYO

Yini ebengiyicabanga ngaphambi kokuba ngiphatheke kabi?

ISIBONELO: Anginabo abangane.

Manje cabangisisa ngakho!
Kuyiqiniso *ngempela* yini?

Yebo

Cha

Uma kuyiqiniso: Bhala ukuthi yini ongayenza kuleli sonto ukuze usilungise lesi simo.

ISIBONELO: Ngingacwaninga ngezindlela zokuthola abangane. Ngeke ngilindele ukusheshe ngibe nabangane abaningi, kodwa ngizolwela ukuqala ngithole umngane oyedwa noma ababili.

Uma kungelona iqiniso: Bhala umusho owodwa noma emibili ngokuthi ungayilungisa kanjani indlela ocabanga ngayo.

ISIBONELO: Ukhona uJohn, futhi ngiyakujabulela ukuba umngane wakhe ngoba uyangilalela.



HLOLA IZINTO OZENZAYO

Yiziphi izinto ongazenza ukuze uzizwe ungcono?
Faka uqhwi entweni eyodwa noma ezimbili
ongazenza kuleli sonto:



- Ukujima
- Ukudla ukudla okunempilo
- Ukufunda
- Ukudweba
- Ukudlala umculo
- Ukubhala inkondlo
- Ukubhala indlela engizizwa ngayo kuyidayari
- Ukufonela noma ukuvakashela umngane
- Ukupheka noma ukubhaka
- Ukwenza umsebenzi ozonyakazisa ingqondo nomzimba
- Ukufunda ikhono elisha
- Ukwenzela omunye umuntu okuthile
- Okunye: _____

ICEBISO: Qala ngokulula,
bese wandisa kancane
kancane izinto ozokwazi
ukuzenza.

Iziphi izinto ongazenza ezingakusiza uqinise ubuhlobo bakho noNkulunkulu njengoba uzama ukululama?

ISIBONELO: Khetha incwadi yeBhayibheli oyithandayo, bese ufunda isahluko sayo esisodwa ngosuku.

ICEBISO: Hlela isikhathi esizovumelana nezimo zakho.

Zenzele uhlelo lwakho lokufunda iBhayibheli:

IZINSUKU

ISIKHATHI

- UMsombuluko
- ULwesibili
- ULwesithathu
- ULwesine
- ULwesihlanu
- UMgqibelo
- ISonto

- Ekuseni
- Emini
- Ebusuku

ZIHLOLE

Beka isikhathi sokuzihlola, mhlawumbe kanye ngenyanga, ukuthi ukhona yini umehluko endleleni ozizwa ngayo.



ICEBISO: Yiba nesineke. Ungalindeli ukuba izinto zibe ngcono ngosuku olulodwa nje. Zimisele ukuthuthuka kancane kancane.